IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UJoshuwa
Uba-umHoli

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest
Alastair P.
Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UMose wayesedlulile emhlabeni.
UJoshuwa wayesazi
ukuthi uNkulunkulu
wayesekhethe yena
ukuba ahole
ama-Israyeli.
Ngaphambi
kokuba
uJoshuwa
alungiselele
ibutho lakhe, ...



... kwakumele azilungise yena
kuqala. UNkulunkulu
wathembisa uJoshuwa
ukunqoba kanye
nokuchuma ezweni
lesithembiso
uma abantu
bakhe
behlala
belalela izwi
likaNkulunkulu.

Ama-Israyeli athembisa ukulandela uJoshuwa kanye nokulalela izwi likaNkulunkulu njalo. Ngobukhulu ubuhlakani, abaholi bama-Israyeli abasha bethumela
...

... izinhloli ukuba ziye eKhanana
ziyohlola iziviko zedolobha elikhulu
laseJeriko.
Impi
yokuqala
yama-Israyeli
yayiyokulwelwa
khona lapho.

Kukhona owazisa iNkosi yase-Jeriko ukuba kukhona izinhloli edolobheni. Wathumela amasosha akhe ukuba ayobafuna.

Ukusesha kwaqala endlini
ka-Rakhabi, lapho kwakuhleli khona
lamadoda. Amasosha angqongqoza
ngesihluku. Ngokukhulu ukushesha,
u-Rakhabi wafihla lamadoda
ngaphansi kwezitshalo.

Athi esehambile amasosha, u-Rakhabi wasebenzisa intambo ebomvu ukuba ehlise amadoda ngaphandle kodonga ledolobha laseJeriko ngokuphepha.

Kungani asiza izinhloli? Kungoba weyazi ukuba uNkulunkulu wayenabo. Wayefuna ukuba uNkulunkulu asindise impilo yakhe.

Ngaphambi kokuba bafika e-Jeriko, ama-Israyeli kwakumele ejombe umfula weJodani awelele eKhanana, emhlabeni



wesithembiso sikaNkulunkulu.
Kodwa kwakungekho bholoho!
Babezowela kanjani abantu?

UNkulunkulu wayala uJoshuwa ukuba abapristi kwakumele kube ibona abahola amasosha kanye nabantu, bephethe itshe elalinemiyalo eyamashumi.



Kwathi izinyawo zabapristi zithinta umphetho womfula, uNkulunkulu wenza isimmangaliso. UNkulunkulu wagudluza amanzi kwasala koma.



Emva kokuba bonke abantu
sebeweleli futhi bephephile,
babeka amatshe ayishumi
nambili ngaphansi
komfula namanye
futhi ayishumi
nambili
edongeni
lomfula
waseKhanana.



Lezi kwakuyizikhumbuzo
zokufundisa izingane
zabo ngamandla kanye
nothando olukhulu
likaNkulunkulu.





i-Jeriko
yayinezindonga
ezinkulu futhi
eziqinile.
Ngenkathi
uJoshuwa
ehlela
ukuhlasela, ...

...uNkulunkulu wathumela umholi webutho laseZulwini ukuba liyokhumbuza abaholi abasha base-Israyeli ukuba uNkulunkulu uyabanqobela abantu bakhe.



UNkulunkulu wayala uJoshuwa ukuba ayihlasele kanjani i-Jeriko. Kwaku uhlelo olungavamile ngeze. Abantu baNkulunkulu kwakumele behambe bezungeze idolobha kanye ...

... ngosuku kuze
kube izinsuku



eziyisithupha bese belizungeze
isikhombisa ngosuku lwesikhombisa.
Kwakumele beshaye amacilongo
bememeze, bese izindonga
zazizokuwa bhu phansi!

UJoshuwa kanye nebutho lakhe lenza njengesiyalo sikaNkulunkulu. Muhlampe abantu base-Jeriko babebahleka.

7





Kodwa, emva kokuzungeza idolobha kwesikhombisa esukwini lwesikhombisa abapristi bashaya icilongo ngophondo lwenqama. Njengoba ayethembisile uNkulunkulu ... ZAQUBUKA IZINDONGA ZASE-JERIKO!

7





Kwasinda indlu ka-Rakhabi
kuphela. Wayeshiye
leyantambo ebomvu
ilenga ewindini.
Ngokushesha, amadoda ...

... kaJoshuwa akhululula uRakhabi kanye nomndeni wakhe. Bese yabhubha iJeriko, njengoba ayethembisile uNkulunkulu.

Ngokukhulu ukuzotha, uJoshuwa

wanikela ngegolide,
isiliva, kanye
nezingcebo zaseJeriko
enkonzweni kaNkulunkulu.
Bese waqalekisa noma ubani
oyovusa lelidolobha elibi.

Ngokushesha wonke umuntu

eKhanana wezwa
ukuba uJoshuwa
wayinqoba kanjani i-Jeriko.
Bazi ukuthi uNkulunkulu
wayenabantu Bakhe.

UJoshuwa Uba-umHoli

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

UJoshuwa 1-6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16